IBhayibheli LaBantwana
Likulethela

Ibutho lika-Gideyoni eLincane

Ibhalwe ngu: Edward Hughes

Kwabonakala ngu: Janie Forest

Itolikwe ngu: Goodwill Sithembiso Gwala

Ifanekiswe ngu: Ruth Klassen

Indaba 15 kwezingu 60

www.M1914.org

Bible for Children, *PO Box 3, Winnipeg, MB R3C 2G1 Canada*

iLayisensi: Abantu bangazithathela noma bephrinte izinto kulendaba egunyazwe ngokomthetho kodwa akumele bazidayise.

isiZulu



Zulu





3

4

UNkulunkulu wayefuna uGideyoni ukuba abhubhise isithunzi sikababawakhe sonkulunkulu wamanga bese akhe ilathi likaNkulunkulu weqiniso. Yize noma uGideyoni wayesaba ukuba abantu belizwe lakhe babezomubulala, wenza njengoba eyalelwe uNkulunkulu.

5

UNkulunkulu futhi wayefuna uGideyoni ukuba ahole ibutho lama-Israyeli ukuze limelele ama-Midiyani akhohlakele. Kodwa uGideyoni wayesaba. Wacela ukuba uNkulunkulu azibonakalise ngophawu olukhethekile ukuba unaye. Wabeka isikhumba semvu esinoboya phansi.


6



7



8

UGideyoni waqala ngebutho elingu-32,000. UNkulunkulu wabehlisa baba amakhulu amathathu kuphela. UNkulunkulu wayengafuni i-Israyeli ithi "Ngizinqobele ngesandla sami." UNkulunkulu kuphela umsindisi wama-Israyeli.



9

Ngokwazi ukuthi uGideyoni usanovalo, uNkulunkulu wamuzwisa ngokwemfihlo ingxoxo yamasosha yama-Midiyani etshelana ngephupho elingavamile. Ephushweni, isinkwa esiphelele sagingqikela etendeni lama-Midiyani labhubha.



10

Unogada omunye wathuka. "Lokhu kuyi … kuyi nkemba kaGideyoni…" esho ekhala. Wathi ezwa leliphupho kanye nencazelo lalo, wazi ukuthi uNkulunkulu wayezomunqobisa.

11

UGideyoni wahlela ukuhlasela ebusuku. Wanikela wonke amasosha ebutho lakhe imibhobho, kanye nojeke abanezibani phakathi. Balingunga ibutho lama-Midiyani.



12

Ngokusho kukaGideyoni, amasosha ashaya icilongo, abulala ojeke bese bakhanyisa izibani. Umsindo! Ukudideka! Ama-Midiyani athuka abaleka.



13

Emva kwalokunqoba okukhulu, amadoda ase-Israyeli acela uGideyoni ukuba ababuse. "Angeke nginibuse. iNkosi ezonibusa," Kuphendula uGideyoni. Weyazi ukuthi uNkulunkulu kuphela onelungelo lokubusa izimpilo zabantu.



14

Ibutho lika-Gideyoni eLincane

Indaba evela kwiZwi laNkulunkulu, iBhayibheli,

Itholakala

AbaHluleli 6-8

"Ukwambulwa kwaMazwi Akho kuyakhanyisa."
AmaHubo 119:130

UNkulunkulu uyazi ukuthi senze izinto ezimbi, Azibiza ngesono. Isigwebo sesono ukufa.

uNkulunkulu walithanda izwe kangaka, waze wanikela ngeNdodana Yakhe ezelwe yodwa ukuba izosifela esiphambanweni igwetshelwe izono zethu. **UJesu wase evuka ekufeni** wanyukela ezulwini. Manje uNkulunkulu engasithethelele izono zethi.

Uma ufuna ukuphenduka esonweni sakho, ithi kuNkulunkulu: Nkukulunkulu, ngiyakholwa ukuthi wangifela esiphambanweni, manje uyaphila futhi. Ngicela ungene empilweni yami futhi ungithethelele izono zami, ukuze ngizoba nempilo entsha, khona ngizoba Nawe kuze kube phakade. Ngisize ngiphilele Wena njengomntwana Wakho. Ameni Johane 3:16.

Funda iBhayibheli futhi khuluma noNkulunkulu nsuku zonke!